ITHIMBA le-Umngeni Community Empowerment Centre ngokubambisana neSalvation Army lixwayise izingane ngokushushumbiswa kwabantu

IKHEJI elinentokazi evalelwe ngenkani bekungesinye sezibonelo ezisetshenziswe yithimba le-Umngeni Community Empowerment Centre ngokubambisana neSalvation Army ngesikhathi bexwayisa izingane ngokushushumbiswa kwabantu emcimbini weSustainable Living Exhibition ebihlelwe nguMasipala weTheku.

Isifundo ezinganeni zisemcimbini

UNksz Joy Conradie we-Ucec uthe bakubona kubalulekile ukwazisa izingane ngalo mkhuba ngoba zisengozini kakhulu.

"Kungenzeka ukuthi zike zizwe kukhulunywa ngawo kodwa besifuna zibe nesithombe sokwenzekayo. Phambilini sike saba nalo leli bhokisana emibukisweni esiba nayo kepha namuhla sithe asifake nombhede, impushana ethi ayibe yizidakamizwa ngoba yizo zonke izinto ezinikwa abantu abasuke bebanjiwe," kusho uNksz Conradie.

Uthe akuzona izingane kuphela ezizithola zisengozini yokushushumbiswa kodwa ngisho nabantu abadala basenkingeni.

Uthe abazali kufanele bazigade izingane zabo futhi babe nendlela yokubona uma kukhona okungasahambi kahle kuzona uma kukhona lapho zivakashe khona.

"Mina nendodana yami sinegama elaziwa yithi kuphela esilishoyo bese sinoyise siyazi ukuthi kunenkinga ekhona lapho isuke ivakashe khona. Uma isho lelo gama sisuke sesazi ukuthi kufanele siyibheke lapho isuke ikhona," usho kanje.

Bebekhona nabanye abebekhombisa ngezinto ezahlukene okubalwa kuzo ukusebenzisa udoti ukuze kwenziwe izinto ezingasetshenziswa ezindlini.

LUNGI LANGA

KUXWAYISWE izingane ngokushushumbiswa kwabantu emcimbini wokukhuthaza abantu ukuthi banakekele futhi bavuselele izinto abanazo ngisho nesezibonakala njengezingase-nasidingo, i-Sustainable Living Exhibition.

Ithimba lenhlangano elwela amalungelo ezingane, Umngeni Community Empowerment Centre (Ucec), ngokubambisana neSalvation Army lichazele izingane ebezivakashele lo mcimbi obuhlelwe nguMasipala weTheku ngezigameko zokushushumbiswa kwezingane.

Bebebukisa ngokusakheji (cage) ebelinowesifazane phakathi, umbhede lapho bekulele khona lo owesifazane obebonakala enezibazi ebusweni ephuma negazi emlonyeni.

"Abanye babona imisebenzi ivezwe emaphepheni bese bebizelwa kwinhlolokhono. Kule nhlolokhono baphuziswa okuthile bese bevuka sebekwenye indawo bagxishwe ngezidakamizwa," kusho uNksz Conradie.

UMajor Moya Hay weSalvation Army uthe abanye bazitshela ukuthi iyinganenkwane le nto yokushushumbiswa kwezingane.

"Ngike ngakhuluma nomunye umzali wathi akaboni sengathi le nto iyinkinga kangako ngathi kuye akangivumele sihambe nengane yakhe siyishiye yodwa imizuzwana nje. Akuphelanga sikhathi siqhelile kuyo kepha bese kukhona obesezidlisa satshanyana kuyo. Ngamtshela ukuthi kulula kanjalo nje ukuthi ingane ithathwe ngabantu ungaphine uyibone," kusho uMajor Hay.